



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

**Catherine Booth
Hospital**

Ward 15 KwaKhoza Reserve, Umlalazi Municipality

Private Bag x105, Amatikulu 3801, Tel (035) 474 8402/07 Fax (035) 474 7694

OCTOBER TO DECEMBER 2019

Quality Day and Service Excellence Awards ..Pg5



**Injabulo koselele
phansi ngaphezu
kweminyaka ey-
ishumi (10 years)
engakwazi uku-
hamba nokuvuka
ngesikhathi
ebona indlu an-
gayazi egcekeni
kwakhe.. Pg 15**

**UNGATHULI NENKINGA
IKUDLE WEDWA! THOLA
OZOXOXISANA NAYE! .. Pg14**



**Abazali ababheke inhlanzeko ezinganeni
uma ziya ezikoleni! Pg02**

This newsletter is compiled and designed
by Mrs. NH Xaba (Public Relations Officer)

Nompilo.Xaba@kznhealth.gov.za



Happy 2020

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

ABEZEMPILO BAVAKASHELA UMNDENI WENGANE EBONAKALA INGENAYO INHLANZEKO ESIKOLENI

Abezempilo bangenelele odabeni lwengane ehlala iza esikoleni ingcolile. Uma kuthiwa libunjwa liseva noma ugothswa usemanzi kusuke kushiwo khona ukuthi umntwana kumele umfundise ukuzenzela izinto esemncane ukuze ezokhula ekwazi ukuzinakekela empilweni. Ngomhlaka 07 kuMfumfu ngesikhathi abezempilo bevakashele esinye sezikole zamabanga aphantsi ngenhloso yokuyoqwashisa abantwana ngezidakamizwa nangezinhlobo ezahlukene zokuhlukumezeka kwabantwana.

Abagcinanga ngokukhuluma nabafundi kodwa baphinde bangenelela nasesimweni esabonakala komunye wabafundi owayebonakala engawfakile umfaniswano wesikole futhi ebonakala ukuthi akagezanga, angisayiphathi eyezimpahla ayezizgokile ezingcolile futhi zidabukile.

Lelithimba lezempilo okubalwa kulo uSocial Worker, School health Nurse kanye no mxhumanisi wesbhedlela nomphakathi, labe selicela ukudlulela ekhaya lalo mfundi ukuyoxoxisana



Ithimba elisebenza ezempilo ezikoleni (Mr BE Mdletshe, Nurse Nguse) kanye nosonhlalakahle Mrs Nkosi bevakashele ikhaya lengane

nabadala nokuhlonza inkinga eyenza ingane ingabi nenhlanzeko esikoleni. Umndeni wakhuthazwa ngenhlanzeko nokubaluleka kokukhulisa ingane ngendlela efanele njengoba abantwana bezokhula babe omama noba obaba bemizi yabo ngelinye ilanga.

Kubalulekile ukuthi umzali ayibheke ingane yakhe njalo ekuseni uma iya esikoleni ngoba inhlanzeko yenza umfundi abe nothando lokuba sesikoleni kanye nezinye izingane. Ikhaya noma lihlupekile kodwa uma lihlanzekile lelokhaya liyathandeka.



KUQWASHISWA ABAFUNDI NGEZINHLOBO EZEHLUKENE ZOKUHLUKUNYEZWA KWABANTWANA.



Usonhlalakahle wesibhedlela Mrs Nkosi eyala abantwana ukuba bangabi uvanzi emakhaya

Ngomhlaka 08 October 2019, Ithimba elisebenzela ngaphandle lavakashela esikoleni samabanga aphansi esaziwa nge Nxenjane Primary School ngenhloso yokuyofundisa abantwana abasebancane ngezinhlobo ezehlukene zokuhlukunyezwa kwabantwana. uMrs NKosi ongusonhlalakahle wafundisa abantwana ngokubaluleka kokubika umakukhona okwenzakele angakuqondi ukuze lowomntwana ezothola usizo kusenesikhathi.

Umntwana engahlukumezeka ekhaya, emphakathi kanye nasesikoleni nakunoma iyiphi indawo ahlala kuyo. Umntwana ngamunye unelungelo lokuhlala endaweni evikelekile, abe nekhaya futhi ahlale ejabulile. Ukuhlukunyezwa kwabantwana kwachazwa ngezindlela ezahlukene.

• Ukuhlukunyezwa ngokwezocansi

Uma umntwana esehlukunyezwe ngokwezocansi kumele angagezi ukuze kuzoba lula ukutholakala kobufakazi, makaphathe lezozingubo abezigqokile angaziwashi, makabike ngokukhulu ukushesha ukuze loyo owenze

okubi ezothathelwa izinyathelo, uma eqeda ukubonwa udokotela kusuke kufanele abonwe osonhlalakahle ukuze bezothola ukwelulekwa yena kanye nomndeni wakhe.

Ziningi izindlela okanye izimo ezingenza ingqondo yomntwana igcine ihlukumezekile ngaphandle kokuthi aze ayiswe ocansini. Ukulala kwabazali nomntwana osehlakaniphile endlini eyodwa akuvumelekile. Uma ingane ibona abantu abathandanayo bazijabulisa ngokocansi nakho kuyawulimaza umqondo womntwana. Ukwenziwa izigqila emakhaya nakho kwabalwa njengendlela yokuhlukumeza, umntwana makathunywe ngokulingene neminyaka yakhe anikezwe nesikhathi sokudlala.

Ukunganakekelwa ngokwezidingo emakhaya kanye nokushaywa komntwana ngokweqile kungezinye zezinhlobo zokuhlukumeza ezijwayelekile emakhaya. Kwaxwayiswa abantwana ukuba bangavumeli muntu ukuba athinte esithweni sabo sangasese, uma kukhona owenza njalo angathuli, abikele abadala ekhaya.



Sir BE Mdletshe exwayisa abantwana ngokunyukubezwa

EMPLOYEES AND PEOPLE WITH DISABILITIES SHOULD NOT BE ASHAMED OF THEIR CONDITION

The department of Health is one of the departments who acknowledges and recognizes people with disabilities. On the 05th of December 2019, people with disabilities from King Cetshwayo District celebrated "Disability Month" at the district office. They were encouraging and empowering one another on living positively irrespective of their physical condition.

The Guest Speaker, Miss N Zulu who is also a person living with disability through car accident spoke positively and appreciated the efforts of government and the society that people with disabilities are involved in decision making that involves them. She spoke under the theme "Together we are building a South Africa that is inclusive of people with disabilities" The kind of workshop was an eye opener to everyone on how to treat, behave or speak in a manner that will not harm other person with disability. Others were born normal but were changed by the situations to become disabled.

People were encouraged that people with disabilities can do lot of things which can contribute to the economy as well instead of depending on the grant from government or "ukucatshangelwa nokudatshukelwa". They can open their small businesses and become employers, they can use their brains and make more money either, irrespective of their physical condition.

They were encouraged to uplift themselves through education and have credentials. The Director; Human Resources from the district joined the workshop to give clarity on HR issues when it comes to the employment of people with disabilities in the department as they had concerns that sometimes they are not shortlisted and they are not given any explanation for not being shortlisted on the advertised posts. From the motivation, it was highlighted that disability is not a curse from God therefore people with disabilities should not be ashamed of their condition, they need to accept and live positively.

ABANTU ABAGWEME IZIFO EZITHATHELANAYO



U— Sister TS Mthethwa eqwashisa ngesifo sama- Rabbi e OPD

Akagcini ngokubheka ezenhlazeko nokugwema izifo ezithelelanayo esibhedlela kuphela kodwa uze adlulele nasemphakathini ukubafundisa nokubaqwashisa ngezifo ezikhona.

Omile esithombeni ngu Mrs TS Mthethwa nosebenza njengo Infection Prevention and Control Practitioner efundisa abantu ababelinde ukubonwa udokotela e OPD ngokubaluleka kokugoma izinja namakati emakhaya. Ukugezwa kwezandla nakhokho akusali ngaphandle njalo uma efundisa ngoba yizona ezithwala kakhulu ukungcola nokungabebhethelisa amagciwane

HOSPITAL QUALITY DAY / SERVICE EXCELLENCE AWARDS



Quality Assurance Manager (Ms CN Ntshela) addressing staff on quality issues during the event.



CEO, Ms TR Vezi at the studio which was at the entrance of the event venue

Despite the situation that the staff works under but they always work tirelessly and with full dedication towards patient care. The hospital is working under difficult situations and under pressure, some are short staffed but service delivery is never compromised.

The hospital is flooded by the number of people who cross borders and prefer to come to Catherine Booth Hospital because hospital is branded positively by its quality, patient care and caring staff. Staff members and departments who excel in their work and little corners were acknowledged during Quality / Service Excellent Awards that was held in the hospital on the 21st of November 2019. Employees who have served in the department for the period longer than 10 years were also rewarded with certificates. Trophies and framed certificates were awarded to units and departments who excelled in different programs.

Maternity and Theatre collected most of awards because of their best performances. The awards were inclusive of MASEA and DASEA awards winners, NCS, Infection Preven-

tion and Control, Cleanliness, Safety, Complaints Management, Waste Management, Occupational Health including clinics.

Hospital also celebrated the silver status obtained by Gingindlovu Clinic during National Assessments conducted in October 2019. This would have not been achieved if other clinics and staff were not dedicated and without the



support from other peers and hospital. Winners from different fields were also given gifts/tokens to say thank you for the job well done. The event was well planned and organized.

Special thanks to the supporters of the event who were Old Mutual, Dr T Govender and Mr Tallmerge and staff members.

QUALITY DAY PHOTO GALLERY



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

LONG SERVICE AWARDS PICS



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE



Teach your son to respect women.

“Train up a child in the way he should go and when he grows old he will not depart from it”

Proverbs 22:6



In response to the ongoing outcry and negative incidents where women and children are killed and are being the victims, the hospital through the Social Services unit took it upon themselves to go out to schools, clinics and communities in order to warn, educate and advise people on issues that affect the nation as a whole.

The bible mentioned it clear that “Umuntu wesifazana uyisitsha esibuthakathaka” kanti “umuntu wesilisa yena indlu yamandla” . USonhlalakahle wesebhedlela uNks Nkosi wakhumbuza abantu besilisa ukuba bangasebenzisi amandla abo kabi kubantu abangakwazi ukuzivikela ngoba lokho kungukuhlukumeza. Wabalula ukuthi uma umuntu ehlukumeza omunye kubalwa ukushaywa kwezingane, ukudlwengula, ukushaywa nokuhlukumeza abesifazane, ukushushumbiswa kwabesifazane nezingane nokunye lowo menzi oyobhekana nengalo

yomthetho.

Abantu be-sifazane nabo bayeke

ukuchukuluza nokukhuluma amazwi angagcina enze abesilisa bazithole sebesebenzisa amandla phezu kwabo “ukukhulumela safuthi”. Sisonke masilwe nokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane. Uma ubona isimo sokuhlukumezeka emphakathini, kwamakhelwane noma yikuphi, bikela amaphoyisa noma osonhlalakahle abaseduze ukuze sizonqanda lomkhuba wokubulawa kwabesifazane nezingane ongemuhle. Uyothula ngo- abangakwazi ukuzivikela ngoba lokho ba ukubona kwenzeka kamakhelwane kanti nakwakho kuyeza, uyobona ngathi abanye bayakubukelela kanti nawe ububabukelela abanye. Lomkhankaso awugcini ngalesisikhathi esaziwa ngo 16 Days of Activism Against Women and Children Abuse oba mhlaka 24 November kuya ku 10 December njalo ngonyaka kodwa masilwisane nalomkhuba njalo nje sake isizwe esinakekelanayo.



SE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

DISASTER MANAGEMENT DRILL

2019

Kubukeka samdlalo kwabanye kanti akuve kubalulekile. Njalo ngonyaka isibhedlela ngomnyango obhekele ezokuphepha esibhedlela (Safety Office osetshenzwa uMrs SS Qwabe nongu Safety Officer) siyaye sihlele usuku lapho kubhekwa khona isibhedlela nabasebenzi ukuthi ngabe bakulungele yini ukubhekana nenhlekelele. Phela inhlekelele yenzeka noma yinini futhi isuke ingahlelwanga, yingakho kubalulekile ukuthi abasebenzi bahlale bezihlola ukuthi ngabe izimo eziyinhlekelele bangakwazi yini ukubhekana nazo uma zenzeka.

Ngomhlaka 31 October 2019 ngemuva ngokuba



Ababelimele bathola ukubhandishwa endaweni yesigameko maqede baphuthunyiswa esibhedlela

uNks SS Qwabe nobhekelele ezokuphepha esibhedlela ehlele okusamdlalo ngezenhlekelele (Disaster Drill), nokuyilapho abasebenzi bakhombisa khona ukusebenza nokuzinikela. Kwakukhona ababeyizisulu zengozzi, kanti iziguli ezazise esibhedlela ngalelolangza zancelwa ukuba zilinde endaweni ehlelwe ukugcina iziguli uma kunenhlekelele enkulu ukuze zingezukuphazamisa. Izihlobo zemindeni yezisulu nazo zathola ukwelulekwa ngokomqondo ngesikhathi odokotela nabahlengikazi bematasa nokuhlenga abalimele. Bonke abantu abaneqhaza uma kunenhlekelele basebenza ngokuzikhandla kusukela koNogada esangweni, Omabhalane, osebenza ezincingweni, ilondolo, abahlanza isibhedlela, abasebenza emawodini, Owezokuxhu-



Odokotela namanesi babehlenga iziguli ngokuhlukaniswa kwazo ngemibala

mana (PRO), Osonhlalakahle, Abahlengikazi, odokotela, kanye nabaphathi esibhedlela. Impela singasho kugcwele umlomo ukuthi isibhedlela sikulungele ukuhlenga abezimo eziphuthumayo uma kwenzeka inhlekelele. Esebonga u Nks SS Qwabe wabonga abasebenzi ngokuzinikela bangathathi ngokuthi wumdlalo kodwa bakhombise ukubaluleka kokwenza lokhu nokuyilapho kumele sibone khona okungaba yizingqinamba ukuze sizohlale sizilungiselele. Waphinde wabonga kakhulu iqhaza eladlalwa odokotela nabo abebezinikele nokuyithimba elisebenza ngokuzinikela nokuzikhandla. Ekugcineni, iziguli zachazelwa ngokubaluleka kokwenza konke lokhu nokuyosiza bona uma kwenzeka omunye wabo okanye izihlobo zabo zimbandakanyeka engozini eyobizwa ngenhlekelele.



Ithimba elalisebenza kwabalimele kakhulu e emergency room bahlenga isiguli

DISASTER DRILL PICS



Patients were triaged / colour coded from the scene and were rushed to the hospital OPD which was cleared



Doctors and nurses were attending to injured patients as they come in a emergency room.



Social Worker counselled all relatives




Relatives of patients were screaming and were escorted to the separate room for counseling.



Blue coded patients (corps) were sent to sluice room. Staff were consoling relative.



Registration of patients was done while they were attended to . OPD Clerks made sure everybody was recorded.



Laundry supplied enough linen



Dr N Majola and Sr BB Mtshali (OM in OPD) after the drill , "Thank God its over" said Sr BB Mtshali



Report back time by Safety Officer (Mrs SS Qwabe) Well done Team CBH!! The drill was successful. Team spirit was a wow!

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

COMMEMMORATION OF WORLD AIDS DAY 2019



In commemoration of those that have lost their lives due to the pandemic disease HIV/Aids, on 09 December 2019 hospital commemorated this day by educating and encouraging people to get tested and those that are infected to take their treatment as advised by

the health practitioners. Hospital led by ART Team (Sister Jackson) educated and encouraged people to know their status and adhere to health advises. Candle light was then lightened as a symbol of remembering people who lost their lives due to HIV/Aids pandemic.



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

UNGATHULI NENKINGA IKUDLE WEDWA, THOLA OZOXOXISANA NAYE

Masingababizi ngamagama alumelayo nangemahle futhi ahlambalazayo. Abanye bababiza ngezinhlanga, abanye bababiza ngeziphukuphuku kanti abanye babathatha njengezigqila ezingasetshenziswa umsebenzi wamandla bangabakhokheli, angiyiphathi ke eyalaba ababahlukumeza ngokocansi ngoba bengezukwazi ukuzikhulumela. Kube futhi nalabo ababanakekela ngoba sekusondele izinsuku zabo zokuhola maqede bathathe imali yabo bangazenzanga futhi abazikhethelanga. Lesisimo bathengeli lutho futhi bangabaniki nokudla.



Sister Masondo talking ekhuluma eqwashisha ngokuphathwa kwabantu abaphazamiseke emqondweni

Ngomhlaka 24 October 2019 Umhlangikazi osebenza ngabantu abaphazamisekile emqondweni u Sister Masondo wakhuluma kabanzi ngokunakekelwa nangendlela eyamukelekile yokuphilisana nabantu abaphazamisekile emakhaya nasemiphakathini. Umuntu ophazamisekile ungumuntu odinga ukunakekelwa nokukhlonishwa ngoba bangomama, bangobaba, obhuti okanye osisi emindenini yabo kanye nasemiphakathini. Masingababizi ngezinhlanga ngoba nabo aba-

singenzeka kunoma ubani. Uma umuntu enento emuphethe kabi emoyeni, makathole noma ubani amethembayo okungaba umngani amethembayo, owasemndenini, emphakathini, ebandleni noma aye kusonhlalakahle azoxoxisana naye, angadliwa yinto yedwa ngoba yikho okugcina kwenze umuntu agule noma azithole esephambene ngokomqondo. Ukuthula yikhona okuyimbangela enkulu yokuphambana komqondo ngoba umqondo uhlale ucabanga into eyodwa eyinkinga engenasixazululo kanti uma uxoxisana nomunye umuntu, uthola ukulapheka emoyeni uzizwe kusuka nomthwalo emahlombe.



ASIBUYANGA SILAMBATHA KUMA DASEA



Isibhedlela saba ngesinye sezibhedlela ezatho- kuyo kwaba umnyango wezabasebenzi (HR), la ukuklonyeliswa kuma District Service Excel- Ezokuthenga (SCM) kanye nezokuxazulula lence Awards(DASEA)2018/2019 ayehlelwe izikhalazo (Complaints management). isifunda I King Cetshwayo ngomhlaka 25 Octo- Isibhedlela asibuyanga silambatha! Abaphathi ber 2019. UmNyango wezokuthutha besibhedlela babuya babonga abasebenzi ba- (Transport unit) wathola indondo wazishaya kulemikhakha nabanye ngokusebenza kwabo zonke izibhedlela esifundeni ekuphatheni ngokuzikhandla yize kwesinye isikhathi kuba kahle nasekugadeni izimoto zomnyango. nzima ngenxa yezinselelo umnyango obheka- Eminye imikhakha isibhedlela esaklonyeliswa na nazo ezithintabeza ukusebenza kwabase-



Transport Department yakhala yemuka nendondo yokubheka kahle izimoto zomnyango esibhedlela. Esithombeni Mrs WSM Gcabashe enikezela ngendondo kuMr E. Kleinhans, Mr N Mpanza nowayengamele u Systems Components ngonyaka ka 2018/2019 kanye no Mr Mthethwa ongomunye wodriver esibhedlela



Mrs S Zulu owayemukela isitifiketi njengoba balala isibili emkhakheni wakwandabazabantu (HR)



Umnnyango wezokuthenga SCM nawo walala indawo yesithathu. Esithombeni u-Mr M. Mhlungu- Finance Manager wamukela isitifiketi



Public Relations Office walala indawo yesithathu ku complaints management

DRUG AND SUBSTANCE ABUSE AT NGWENYA HIGH SCHOOL

School health team make all means to help and intervene in the health of children at schools. They even respond to the community request/complaints reported regarding issues they notice on children. During the school health week, the team visited some schools in partnership with social work services and SAPS. The purpose was to do an awareness to children on drug and substance abuse including social ills.

Learners were encouraged to team with friends with positive vision in order to

or build their positive future. Signs and symptoms of children who have started using drugs were explained. They were advised also on what to do if one wants to quit from using drugs. Its important for the person to be willing to change not to be pushed by someone else to quit from using drugs.

SAPS explained on the issues of crime that is caused by people using drugs and children who loss focus and some of them is due to drug abuse. Most cases reported emanates due to drug use.

KUQWASHISWA INTSHA NGEZIDAKAMIZWA EMVUTSHINI




**Uma ungenalo iphupho,
ungena roll model,
Khohlwa!!**



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

CONSTRUCTION ON PROGRESS

Decanting of medical and surgical wards progress in 2019.



Male and Female Wards to be re -built to meet the health and safety standards. Construction on site busy preparing for the new buildings.

Please obey Safety signs and rules during the construction

WAYEQALA UKUBONA INDLU EYAYINEMINYAKA EYISHUMI YAKHIWA EGCEKENI KWAKHE



Babezama ukuvusa ugo no kumhlalisa



Ugo osesitulweni wayemangazwa ukubona indlu ey-

Imithandazo yowesifazane owayeselele iminyaka engaphezu kweyishumi engakwazi ukuhamba yaphendulwa ngenye indlela. Lo wesifazane wabanjwa ukugula okwamenza wangakwazi ukusukuma nokuhamba. Umuzi wakhe usendaweni eyehlelayo kanti nendlu ayelala kuyo yayimcinezela ukuthi angakwazi sanhlobo ukuphumela emnyango ngenxa yokuthi yakhiwa egqumeni .

Ngokuzwa indaba kagogo, uhulumeni wabe esemakhela indlu esezingeni wathengelwa nempahla okubalwa nombhede njengoba wayelala phansi ungekho ngisho umbhede. Akagcinanga lapho wabe esethola nesitulo esihambayo nokuyisona esamenza wabona kwangathi usekwenye indawo. Wayeqala nqa! Ukuphuma emnyango abone nelanga, angisayiphathi eyendlu angayazi egcekeni. Ngesikhathi egqutshwa ekhombiswa ukuthi usengakwazi ukuba aphumuze izinhlangothi nokushaywa umoya njengoba esenesitulo esihambayo. Abantwana bakhe nokuyibona abamgadayo bajabula kwazise babengasakwazi ukumlekelela ukuba avuke phansi. Owelula amathambo esibhedlela saseNgwelezana wabakhombisa ngezindlela ezingcono zokumubamba noku-mubeka esitulweni kanye nasembhedeni ukuze engezu-kuhlala elele phansi.

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

FARE WELL TO MRS GCABASHE (M&E MANAGER)



The retirement of Mrs WSM Gcabashe who was working in the hospital as a Monitoring and Evaluation Manager (M&E) left the hospital being orphaned in terms of the monitoring and evaluation. She was not only the pillar in her unit but to the entire hospital. Her farewell function which was on the 28th of November 2019 was the day to celebrate the time and life Mrs. Gcabashe has spent at Catherine Booth Hospital.

The celebration was the mixture of happy and sad



feelings from both staff members and herself. Her personality, dedication and commitment in her work will be missed. Indeed we thank God, she went on retirement not dead. All speakers and guests explained Mrs Gcabashe as a welcoming, ever smiling, soft hearted, loving and caring person, a mother, the manager and a friend to everybody. She also had tears of joy and sadness during the

event and during her response. She will be missed! She was one of the most supportive senior managers in the hospital.

Her farewell function was planned and organized by the Nursing Management team who finally wore all her clothes as a symbol of wanting her personality to remain in the hospital. The event was attended



by former retired Assistant Nursing Managers including Mrs Shembe, Mrs RSG Shange and Mrs Mngoma who retired 10 years ago but still looks fresh. She was welcomed in the retirement land and was advised to exercise, keep herself busy and active so that she will live healthy and live longer as they are living. Gift and presents from clinics, units, departments and individuals were unnumbered. During her speech she encouraged staff to equip / uplift themselves through education and excel wherever one is. Indeed her retirement was a loss to the hospital M&E team.

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

NURSING MANAGEMENT AND STAFF BEEDING FAREWELL TO MRS GCABASHE



FROM THE CEO'S OFFICE

The Management would like to take this opportunity to thank all staff members for their dedication and inputs to the hospital. Indeed the hospital is in deep rural areas which is challenged by the infrastructure, poor road etc. but staff members are always dedicated to service delivery which is patient care, they are always doing their level best.

We are also challenged by the staff shortage which is not only facing Catherine Booth Hospital but the whole country and again the few that we have work tirelessly despite of the challenges, patient care is never compromised. Thank you so much for your efforts! A lot is happening in terms of the progress in the hospital , The hospital was challenged by wards which were not in good condition in terms of safety due to infrastructure but the department approved the building of Medical Wards which is in progress this year 2019. We are also thankful that the department approved electrical upgrade for the hospital which is already on the final stage, the hospital will finally have the elec-

trical compliance certificate. We can all see the construction that is in progress within the hospital, apologies for the inconvenience caused to our patients, residence and staff, this is for the improvement in the hospital. We wish you a Merry Christmas and a Prosperous New Year with your loved ones !

Written by

Mrs. NH Xaba (PRO)

